Isaziso Esibukali

UMafukuzela nebandhla lake labaHlabeleli.

UMFO KA DUBE NE CHOIR YAKE BOSUKA NGO DECEMBER 16.

E-Tekwini Dec. 16th, eNew Location Hall.
E-Mgu'ndhlovu Dec. 17th, St. Helena Hall, Boshoff Street.
E-Dundee Dec. 20th, Talana Hall.
E-Vryheid Dec. 21st.
E-Gardensville, Alcock Spruit Dec. 22.

Bosuka lapo bagqabulele babange eGoli.

Mhla kosa ku uKISIMUSI DECEMBER 24th bobingelelana nabantu base Goli eDOORNFONTEIN, kwa Mvuyana. Bovuma amagama abo amakulu.

Mhla kuka KISIMUSI kona belu eDOORNFONTEIN kwa Mvuyana. Umsebenzi woqala ngo 3 utambama, kufika abakude nabaseduze beze kobonana noMafukuzela nebandhla lake labahlabeleli. Koke kupunyulwe ngo 6 kuya ku 7 kubuye kungenwe ngo 7 kudhlalwe kuze kuse.

NGO 26 kwa Ngonyama eponini lika Goba uLloyd--Uye lo mnumzane opete ibandhla labahlabeleli oku ukuti lingenise kuye.

NGO 27 kobe ku iHolide NGOMSOMBULUKO kungasetyenzwe. Umdhlalo woba kosa belu eDoornfontein kwa Mvuyana—Koqalwa ngo 3 utambama.

NGO 28 Ibandhla lika Mafukuzela lobe lise EBENEZAR HALL, Malay Camp. Kosha inkani lapo namaKwaya ase Goli.

NGO 29 NGOLWESITATU koba usuku lokuncintisana, eEbenezar Hall.

1. Amakwaya ayobanga ikomishi yesiliva ayinikezwe uMafukuzela elas'Ohlange keculu, kodwa aliyuba nasibalo ekutoleni inkomishi.

2. Koncintisana amaledi ngokubopa ne neck-tie kumajentimani. Futi koncintisana kaledi eyodhlula amanye ngobuhle bobuso, wona futi amaledi eyodhlula amanye ngokugqoka kahle.

3. Koncintisana amajentimani ngobuhle bokubukeka, nokugqoka kahle

4. Koncintisana amaledi namajenti ayodhlula amanye ngamapimbo, kube ilowo asho yedwa.

Imidhlalo yalelo langa koba eyokatokozisana nokubungazana.

5. Bonke abopumelela lapo botolahizabelo ezihle.

Amajaji, oku ukuti abahlali, okuyibona bokomba abehlule abanye koba ko Messrs. Alfred Mangena, ilungu lengpakati omkulu wabameli base Lincoln's Inn ne Ngidi poti ka Msimang ilungu elidumileyo labameli emacaleni base Ngiland, no Mr. Cloepas Kunene, omunye wabahleli bepepa "Abantu-Batho" no Mr. D. S. Letanka, omunye wabahleli balelipepa, no Mr. Mabaso.

Kunjani njeya? Kobe kufudumele muntu wetu, into yefeshani idhla umunyu kumaledi nakumajentimani. Noma ungaputelwa ezinye izinsuku olweSitatu lungakaputeli. Woti impcnso yendhlu eminyama wayibonapi!

NGOLWESINE DECEMBER 30th Ikwaya yas'Ohlange yobe isavuma kona eEbenezar Hall. UMafukuzela wenivezela amanye amaqabuqabu ake.

NGO 31st Kobe kulindwe unyaka kona kwa Mvuyana eDoornfontein amakwaya ase Goli obe eqatelene nelas'Ohlange futi ngalolo lusuku.

NGO JAN. 1st 1916 Mhla ku UNYAKA OMSHA bobe bevuma kona eDoornfontein, kobe kungasetyenzwa umdhlalo woqala ngo 3 utambama.

Emva kuka 1st boke basabalale bahambe bevuma ko Madukatole, eBoksburg, eComet, eBenoni, nasemizini eqonde ngase West Rand. Mhla sebezoswehla lobuye bayalelise eJozi.

Kayo yonke imidhlalo ka Mafukuzela, yantambama neyakusihlwa kengenga ngo Sheleni.

Pho, ubopele yini nonyaka etu mhlola nje! Izintombi zeketelo, ezinapimbo kunga aweinizwilili, zivile eshumini, nabafo bezigubhu nemitshingo bayama lato emandi.

Nina naifuela ipepa nenitola lezi zaziso kuhle nifafaze udumo kude neseduze. Nina base Mgu'ndhlovu menani eEdendale, eNdaleni, eHowick, eMpolweni, ko Notuli nazo zonke izifunda eziseduze, nibatyele baze bapelele eTawini ngo Dec. 17th.

Nani nina baseDundiya Sicela ukuba yonke imizi yako Glencoe Junction, Nyanyadu, Kingsley, neminye eseduze niyazise.

Stsho kiniso njalo base Vryheid. Nize nimeme abaQulusi bapelele laze kobona abantwana benafundisi bedhlala.

Pho, nina baseGardens loku nikakwe yimizi eminingi emikulu, silinde esuku olukulu kini.

Nina baseJozi ano nema zonke izinhlobo zendhlu emnyama eziseberenza lapa eGoli.

Qapelani makwaya aseJozi ancukani, zodhlana imilala. Ibopele isimanga namhlanje into ka Dube.

Siti Kisimasi bosi Gina Gamede labaniabeleli. Sihlabelelela isikole sabantu Abatanda ukuqubekela pambili kwendhlu emnyama bosekela.

ISAZISO KUBATATI BE "LANGA"

Niyaziswa nonke nonyaka nje ukuti umuntu ongakokile imali yake yepepa yonyakalo esizongena kuwo u1916 ngapa mbi kukaDec. 31, 1915, ipepa ayulitola. Sixolisa ezihlotsheni zetu ezetembekile, nesingangabazi ukuti ziyokoka, nesaziyo ukuti ziyokuzwa ubuhlungu ziti po, umuini we Langa ubengaze alinqamle nakimi na?

Ake nginitshele loku bakiti. Ipepa okucindezelwa kulo izindaba njengoba seku isikati sempi nje lipakeme ngento emangalisayo enanini, nxa nina zihlobo zami enginetembayo imali yenu ningayikokile pambili, ngingebe nandh'a okutenga ipepa nje ngobo lwalo, okushicilelwa kulo izindaba ngingasabali izindhleko ezinye zezisebenzi nezitembu nokunye.

Empeleni nje kona umteto wamepepa ukuba imali yawo ikokwe pambili. Ngokuyeketisa kokuba abanye sibatemela bengakakoki, sifunyanisa ukuti inxenye yabo enkulu nanamhla kayikakoki.

Labo siti abakoke kona manje singaze sibadumaze ngokubayisa emacaleni.

ISAZISO NGES'KOLE SAS'OHLANGE

Bonke abantu bayaziswa ukuti bekuyisifiso sabapati bes'kole sas'Ohlange ukuba bavule inxenye yeskole samantombazana ngokuqala kuka Feb. 1916, kepa ukubiza kwezinto nokudhla ngalesi sikati sempi, kuvimbile. Singemelwa ukungena ezindhlekweni ezinkulu. Sekoze kudhlule impi kuqala, kubohle amanani ezinto. Izindhleko esizesabayo ukufaka impahla yonke endhlini yabantwana, imibhede, amatafula, izihlalo, okokwendhlala, amalampu, upalafini, ukwaka ikishi elisha, nendhlu yokugezela, neyokuya ngapandhle, notisha abasha nabalusi bamantombazane. Njengoba kusemi kanje akenixole zihlobo kudhlule lokudweshu.

Enye into epatelele eskoleni indaba entsha es'funa ukuba abafana abeza lapa ngo Feb. 1, 1916, bayiqonde nansi:-

1. Bafike bepete imali yeskole.

2. Bonke nakade babefunda lapa batshele abazali babo ukuba benze isicelo situnyelwe kuPrincipal, Ohlange Institution, Phœnix, Natal.

Bacele ukuba umfana ufisa ukungena eskoleni, isicelo leso situnyelwe ne card yake apase ngayo ku Dec. 1915. Nxa loku kungenziwa ningamangali nxa abafana benu befika, babuyiselwe emva.

Sifisa ukuba sibazi ngapambili abafana abeza eskoleni sibalungisele indawo, siqonde nokuti lapo bebekona bebequba kanjani.

Ilanga"—Lipuma masonto onke ngeLweSihlanu.

Inkokelo.—Osheleni abaishuminantatu ngo nyaka wonke Ikokwa kuqala. Yonke indawo libiza le mali.

Ukulinqamula.—Nxa umuntu efisa ukuliyeka masazise nga pambili, nxa etule uyalibiza.

Ukutunywa Kwemali.—Mayitiwe payable ko Rev. JOHN DUBE ngeCheque noma Money Order wePosi, incwadi epuketo yona itiwe registered Izitembu asizifuni.

Izincwadi.—Mazipatiswe ku Rev JOHN DUBE, OHLANGE PHŒNIX, NATAL.

UMhleli azi mscle ukutwe swa icala ngoku bhalwe ebhaleli kupela okulotshwe nguye.

"ILANGA LASE NATAL"

OlweSihlanu, December 10, 1915.

UKISIMUSI.

Ngesonto elizayo Ilanga lopuma ku uKisimusi. Niyazi ukuti uKisimusi lo ukuluma ukuzalwa kuka JESU okwabikwa iKwaya yase Zulwini emagqumeni aseBethlehem Judah, yahlabelela ngokuti "Ukutula emhlabeni, nokutandana kubantu," kepa pezu kokuba sekudhlule iminyaka engaka uJESU afika emhlabeni, ukutula akuko. Ubugcwelegcwele bokufisa izinto zabanye nokuba mkulu kunabanye, kuvusa ushaba ezweni. Sibhala nje owesibili loKisimusi izizwe ezipambili ezweni zilwa zibambene ngezihlutu, kuciteka igazi lezigidi zezinsizwa zabo ezintsha eEurope, lobengaba ukuti akuyekwane bambleka usulu; ukutula akuko emhlabeni, kubusa inkemba, singené onyakeni lonje, akukabonakali namsebe wokuqala. Onke amadolobha kuleli lakiti ayahloma aqonde eGerman East Africa. Sengati inkosi yokuttula ingaveza isu elingaziwa muntu ukuba ipele lempi engaka.

IMPI.

Ezesonto elidhlule zempi zibonise ukuti kunokuba incipe iyapambili, nobukosi base Ngilandi buhlangene nezinye izizwe, buvuke ngamandhla buhlomisa impi. Bati akuzange kubonwe ukuhloma okungakaya, ikakulu batukutela ngoba amaJali agunye isimangaliso eschlangene namaBulgarians esinye isizwe esiwateleleyo. Bayisunduzile eyama Ngisi nama Fulentshi eServia, ngako umhlwengu webhubesi lase Ngilandi uvukile, lifuna ukuba izinsizwa zalo ziyo waqeda. Manje impi okuiyona isibhekwe izwe iyo le esilwela eBalkan States, sengati eFulansi naseBelgium kusate ukupunyulwa, kubangwa isizwana esincane sase Servia, inxenye enkulu yaso asesidhlile amaJali namaBulgarians. Setenjba ukuba izikali zenkosi yetu enkulu emhlope, noma ibhekene nesita esinamandhla kangaka, ziyopumelela. AmaNgisi anakunqotshwa, anemali nabantu, nemikumbi.

Ezompakati

Kazi kabi ningi izindaba eseziku nyiwe emPakatini, futi into enkulu okwabe ku iyona eyabanga ukuba kubetwe umPakati kuloku nje ukuba uHulumeni we Nyonyana ebefuna ukwe amandhla umPakati, okuba aodeke ezicebini imali yokukipa izindhleko zempi.

Okunyeke osekuke kwangeniswa nabo bonke bavumelana kuko ukuba umteto ucasisele kahle umuntu okutiwa kuye ngowalelizwe wokudabuka ukuba ubani. Lenhlamvu yafakwa ngu Sir Bisset Berry, enzela ukuba indhlu emnyama ivikelwe kukologo abelungu bangayitengeli ngaye ezinkatini.

Indaba enkulu ese idhle isikati somPakati ileyo yamaBhunu asejele. U Gen Hertzog, kwati napezu kwoba uHulumeni abe eyifakile ukuba apiwe amandhla okucwaninga pakati kwalawo amaBhunu, wadhlula naye wayifaka ngokwake enzela ukuba bakipe umoya abanawo bona maBhunu.

Balake loku seku wape ituba lokuba awukipe kakulu umoya wawo. Ayezwakala kahle kakulu ukuti atukutele ngokuba kungadimede kuvulwe iminyango namasango amajele kutiwe mawapume. Kukona pakati kwawo uMr. Fitchardt wase Edenburg, owaze wenza umPati wesihlalo aluleke ngokuti nonia kambe amalunga omPakati enikiwe ilungelo lokuba akipe imimeya yawo angatikinyezwa, inxa esendhlini yawo, noko akufanele ukuba akulume pakati lapo izinto angenakuzikuluma pandhle; uze wampata ngebizo lomnumzane.

Ute esesuka uMr. Fitchardt wabeti amaNgisi angeze akuhlomela kobo bona maBhunu ukuti izinhliziyo zalo zingafana ekutoleni umBuso. "AmaNgisi eba izwe letu kodwa kawazebanga izinhliziyo zetu."

IZINDATYANA NGEZINTO NABANTU.

Kusandu kudhlula eJozi izikulu zase Swazini zipekezelwa ngu Mr. A. G. Marwick, A. C. zilibangise eLovedale ziyohlola indawo lapo kuzoyiswa kona umntane'nkosi, indhlalifa yobukosi base Swazini uBhaza.

—:o:—

Inkosikazi ka Mr. John Ray Msimang kayiseko. Ishonele eDriefontein emuva kokuba isigule isikati eside.

—:o:—

Esikundhleni sika Malunge obepatele umntwana uBhuza eSwazini, sizwa ukuti sinikezwe uLomvazi umfowabo, indodana encane ka Mbandeni, endhlini yakwabo "Nabotsibeni"

—:o:—

U Howard Dube, (lomuntu kazalani nomnumzane walapa Ohlange, kasiye nowohlobo lwakubo) ubehlezi enaozankosi bake esazuza isu labelungu lokuzuza imali, esede ezitshaya ipoyisa ehlaulisa abantu. Uze waba jwa ekubanjweni kwake uhlauliswe £15.

—:o:—

U Samson Mnisi, wase Krugerspost, ubabaza ukubalela kwezulu ngakubo, uti sekutsha imifula, ukuba lomisile.

—:o:—

Izolo iKwaya lamaKwaya las'Ohlange, libe lizwakala eNew-Location, endhlini enkulu yokuhlanganela nekuhlabelela abantu kona.

—:o:—

Ekupeleni kweSonto elidhlule, sibone uMr. no Mrs. Napolean Makanya, nendodana yabo, bedhlula beya eMazimtoti, behla eGoli; kodwa inkosikazi kade isate qubavu kubo eNtshangwe. Bapilile bonke kahle.

—:o:—

U Mr. E. M. Cele, usate ukushelela ugase Edendale: uye kobona inkosikazi, ngoba isaye kotshawa umoya omnandi ngenxa yokunakwa ubuhlungu. Ukwele ngolobuhlanu ekuseni ngoludhlu tula. Onke amadolobha kuleli lakiti ayahloma aqonde eGerman East Africa. Sengati inkosi yokuttula ingaveza isu elingaziwa muntu ukuba ipele lempi engaka.

IMPI.

Ezesonto elidhlule zempi zibonise ukuti kunokuba incipe iyapambili, nobukosi base Ngilandi buhlangene nezinye izizwe, buvuke ngamandhla buhlomisa impi. Bati akuzange kubonwe ukuhloma okungakaya, ikakulu batukutela ngoba amaJali agunye isimangaliso eschlangene namaBulgarians esinye isizwe esiwateleleyo. Bayisunduzile eyama Ngisi nama Fulentshi eServia, ngako umhlwengu webhubesi lase Ngilandi uvukile, lifuna ukuba izinsizwa zalo ziyo waqeda. Manje impi okuiyona isibhekwe izwe iyo le esilwela eBalkan States, sengati eFulansi naseBelgium kusate ukupunyulwa, kubangwa isizwana esincane sase Servia, inxenye enkulu yaso asesidhlile amaJali namaBulgarians. Setenjba ukuba izikali zenkosi yetu enkulu emhlope, noma ibhekene nesita esinamandhla kangaka, ziyopumelela. AmaNgisi anakunqotshwa, anemali nabantu, nemikumbi.

Ezompakati

Kazi kabi ningi izindaba eseziku nyiwe emPakatini, futi into enkulu okwabe ku iyona eyabanga ukuba kubetwe umPakati kuloku nje ukuba uHulumeni we Nyonyana ebefuna ukwe amandhla umPakati, okuba aodeke ezicebini imali yokukipa izindhleko zempi.

Okunyeke osekuke kwangeniswa nabo bonke bavumelana kuko ukuba umteto ucasisele kahle umuntu okutiwa kuye ngowalelizwe wokudabuka ukuba ubani. Lenhlamvu yafakwa ngu Sir Bisset Berry, enzela ukuba indhlu emnyama ivikelwe kukologo abelungu bangayitengeli ngaye ezinkatini.

Indaba enkulu ese idhle isikati somPakati ileyo yamaBhunu asejele. U Gen Hertzog, kwati napezu kwoba uHulumeni abe eyifakile ukuba apiwe amandhla okucwaninga pakati kwalawo amaBhunu, wadhlula naye wayifaka ngokwake enzela ukuba bakipe umoya abanawo bona maBhunu.

Balake loku seku wape ituba lokuba awukipe kakulu umoya wawo. Ayezwakala kahle kakulu ukuti atukutele ngokuba kungadimede kuvulwe iminyango namasango amajele kutiwe mawapume. Kukona pakati kwawo uMr. Fitchardt wase Edenburg, owaze wenza umPati wesihlalo aluleke ngokuti nonia kambe amalunga omPakati enikiwe ilungelo lokuba akipe imimeya yawo angatikinyezwa, inxa esendhlini yawo, noko akufanele ukuba akulume pakati lapo izinto angenakuzikuluma pandhle; uze wampata ngebizo lomnumzane.

Ute esesuka uMr. Fitchardt wabeti amaNgisi angeze akuhlomela kobo bona maBhunu ukuti izinhliziyo zalo zingafana ekutoleni umBuso. "AmaNgisi eba izwe letu kodwa kawazebanga izinhliziyo zetu."

IZINDATYANA NGEZINTO NABANTU.

Kusandu kudhlula eJozi izikulu zase Swazini zipekezelwa ngu Mr. A. G. Marwick, A. C. zilibangise eLovedale ziyohlola indawo lapo kuzoyiswa kona umntane'nkosi, indhlalifa yobukosi base Swazini uBhaza.

—:o:—

Inkosikazi ka Mr. John Ray Msimang kayiseko. Ishonele eDriefontein emuva kokuba isigule isikati eside.

—:o:—

Esikundhleni sika Malunge obepatele umntwana uBhuza eSwazini, sizwa ukuti sinikezwe uLomvazi umfowabo, indodana encane ka Mbandeni, endhlini yakwabo "Nabotsibeni"

—:o:—

U Howard Dube, (lomuntu kazalani nomnumzane walapa Ohlange, kasiye nowohlobo lwakubo) ubehlezi enaozankosi bake esazuza isu labelungu lokuzuza imali, esede ezitshaya ipoyisa ehlaulisa abantu. Uze waba jwa ekubanjweni kwake uhlauliswe £15.

—:o:—

U Samson Mnisi, wase Krugerspost, ubabaza ukubalela kwezulu ngakubo, uti sekutsha imifula, ukuba lomisile.

—:o:—

Izolo iKwaya lamaKwaya las'Ohlange, libe lizwakala eNew-Location, endhlini enkulu yokuhlanganela nekuhlabelela abantu kona.

—:o:—

Ekupeleni kweSonto elidhlule, sibone uMr. no Mrs. Napolean Makanya, nendodana yabo, bedhlula beya eMazimtoti, behla eGoli; kodwa inkosikazi kade isate qubavu kubo eNtshangwe. Bapilile bonke kahle.

—:o:—

U Mr. E. M. Cele, usate ukushelela ugase Edendale: uye kobona inkosikazi, ngoba isaye kotshawa umoya omnandi ngenxa yokunakwa ubuhlungu. Ukwele ngolobuhlanu ekuseni ngoludhlu lwe Mr. J. S. Mdima, uke wati gqi ngaseMgu'ndhlovu, ezihambela ngemisebenzi yake; ngoba pakati kwayo ubefuna nokuya kubona umuzi wake oseNew-Scotland, lapa sekuza ukwaka kona indodana yake.

—:o:—

Setemba ukuba izihlobo zohlaoga olumnyama ziyomsekela uDube, kulemizamo yake yokuhamba etekelela isikole sas'Ohlange. Lesi-sikole udumo lwendhlu emuyama, wonke umuntu ufanele ukuba azi ukuti isikole sami: angisisekele ngamandhla onke.

Ezempi.

Ipatene impi pesheya akubonakali negoba upondo. Avukile amaNgisi eLondon, ayahloma ngezinkulungwane abange kona pambili empini. Siyabona ukuba isekude impi ukupela ngoba ilapo kusukwe pansi kuhlonywa. Ayala nje amaNgisi ati inkosi yamaJali azoyibamba ngesilevu masinyane.

o o o

AmaJali ayidudulile eyamaNgisi amaFulentshi, ahlehla, umuzi wase Krivolak baushiya, autabata amaJali.

o o o

AmaJali anyonyobisa amabuto awo awaleta ngase ntshonalenga kepa abawahlanganyeleyo bayakohlwa nje ukuba impi engaka yamaJali ilibangisepi?

o o o

Ike yabambana kwatunja utuli eyama Bulgarians neyakiti. Lapo amaNgisi alwe isimangaliso: ubugwala abuko kumaNgisi.

o o o

Abanye bati amaJali aschlongoza ukuba kube kona ukutula iyekane.

o o o

Abase Austria okuyibona bekanye namaJali bati bacwilise imikumbi eminingi yezizwe ezibahlanganyeleyo.

o o o

Abase Bulgaria obasizana namaJali bati bake bakandana namaFulentshi esigodini saseVardar. Bati babaxosha izindhlela zombili zalesó sigodi.

o o o

Abase Athens bati alimele amaBulgarians amaningi elinyazwa ombayimbayi bemiBuso ehlangayele amaJali.

o o o

Pakati kwezinsuku ezilishumi eliva ugansukune iqalile ihloma eCapetown, sekubutene izinsizwa ezi 2,142, kepa ezi 799 izinyanga zati kazifanele ziye empini; ngaloko kupume ezi 1,343 eCapetown lodwa.

Durban	907
East London	528
Johannesburg	7,243
Maritzburg	100

o o o

Isahloma pela noko pezu kwaloku. Kuhloma kodwa impi yezizwe ezimhlope lapa impi iketa amabala, iti nensizwa ezizwayo nje ukuti ingahle iyipume, kodwa noko inqatshelwe izinyanga Ukuba ipunywa itina tina esiti uba sesipete izikali, umuntu wesifazane angabnye aziwe ngase ipelele yonke, sekuqamukile konke.

UGQAINYANGA.

Ngi bhala nje umzinjana wozwa. Ngite ngilele ngokwe ebusuku umsebenzi wati Ha Gqainyanga, Gqainyanga, uku uba ngipapame leku kuqu tini sika tili—ngati kwa Mngane, na? Wahle wapile ngase belesela ngokuti mangivuke, uyangifuna (yena umsebenzi ngale ukuti ubutongo, ngase ngicabhinca njalo ngena kona okushoyo.

Kute lapa sekutshaya isikati sika ngise ngizwe kukumuka yona ingaywana lena engibambe ngayo uti lokuloba, kuse kube songati kwanuleka isikala pansi kwesipanga Luze kuzwakala ehla kwesibele. Ngiti mahlayana, mahlayana, ngize ngize ngibone sekupum'ineondo. Hayi ngisebenze nje ngiqinise. Hayi kuqinise nako loku sekungizwis'ubuhlungu nokupefumula.

* *

Kute ngezikati zawo eyiti, lapa lifudumalayo. Ngihle ngibone umntanenkosi yakwa Ncolosi, loku umngane wami kona ebuncaneni, ekufundeni. Ngimtshele lobu buhlungu obungikungile. Ati uba ezwe apenduke angibuke, ati, "Gqainyanga unembobo." "Au, utini na, Bhengu! inginembobo ngibhotshozwe yini?" Abuyele kulo ati "isibhobo." Ngize ngibheke ebhantshini lami ngiti ngabe usibona kulo. Qa. Hau, Sibhobo, ngibhotshozwe yini sengimdala njena? Ahleke nje naye. Atsho-ke ukuti into ede yenza nje leyo kubantu. Woza lapa ngikugqabulele nanti ikambi uligxobe ulipuze ngokezwa a oluncane lwabelungu lokugoyuza ikofi." Hau, Mpande, ngokwenza njalo sengingomunye namuhla, napezu kokuba umzimba ugewele inyongo.

Sapumapi Tina?

UKUHLAZULULA UHLANGA.

Kuke kwati ngis'e St. Helena, ezinyangeni 'zika 1897, kwafika iBuro lonke elimnyama, elino General, no Major, no Captain nao Lieutenant bade, elalizekulinda isiqingi lesi, njengomkuba ohlaze wenziwa ukuba izwe lihlale lifunjetwe ngu Kwini nonxa ngu Kingi njalo. Kwati ngolunye usuku izindona pakati kwalezi engizi'tshoyo zehla eKamu zeza'kubona umntwana uDinuzulu, ziti zifisa kakula ukubona umntwana wenkosi yakubo. Kepa imvamo yalezo'adana ezazizinge zifika zizekumbona, azisayazi kahle indaba yokutunjwa kwoyisemkulu, ngenxa yokuba zite zizalwa zona zabe sezizalelwa ezindaweni zabelungu, sezazi loko ukupela ezabe sezikutshelwa ngabazali njengati nje, esesizinge sizwa indaba enkulu leyo embi yesilwane esasitumba abantwana babantu. Lezi zinduna sezi abelungu uqobo sezahluke ngokuba umnyama zona kepa isimilo nokwenza kwazo ng'abelungu, ngisho namabuto onke ezikunye nawo (loko pela amabuto lawa ezihamba nawo kawasondeli wona endhlini okuhleziwe kuyo ngumntwana neziduna lezo; amabuto wona ahlezi pandhle lapaya kude kawasondele nokusondela. Amabuto lawa ayazazisa iziduna lezi ayazihlonipa. Kepa kabezwani nomntwana ngokupeleleyo bayahumushelwa. Po, loku naye umntwana pela wap'es'elwazi ulimi lwamaNgisi, ngesinye isikati ub'ezikulumela ngokwake uqobo; kube-mnandi nakuzo iziduna, zijabule, zibona umntwana wenkosi yakubo. Zazi-zinge zifika njale eFrancis Plain, lapa lalihlezi kona iziyane lenkosi.

Ngikuluma loku nje kambe, kunge nxa yokuba nginxanele ukunihlazulula ukuti sonke tina'ndhlu emnyama sibanye sonke. Izindaba lezi ezizinge nizizwa zixoxwa ng'abadala bas'endlo ningazideleli niti ziy'izindaba eziyize ezinge'luto zonke. Qabe, impela eziaye kuzo zikuluma isiminya esabe sanzeka ezinsukwini ez'pambi leziya zokoko betu. Ake nizwe-ke; ngixoxa loku nje, ngangihlala nabo uqobo lwami laba bantu eSt. Helena, bangixoxela indaba yonke yokutunjwa kwabe. U Mbhilimbhili lona noWilliam Cummings noFuller bengingakakuzwa ukutshona kwabo, kodwa basebe amaxegu. Basalwazi ingcozana ulimi lwakiti, kodwa akusaqinile ukulwazi kwabo, ngoba futi kungebe lapo lolu esikuhlanga lo olupeleleyo, njengaloku senginilandisile kaningi, ukuti, ukudhlula loku kwezikati, isikosana, kusa, iminyaka ngeminyaxa idhlula; kusanganisa ulimi ebantwini abakelene kude kangaka nje!

Tukosazana, uMiss Alice Warner, ojwayele ukuhlala nalaba'bantu base Zambezi, utusa ukuhlakanipa kwabangokufuya izimvu nokugundwa kwabesekwalukwa uboya bazo kwenziwe izingubo, nokutshulwa kuka gampokwe nokwalukwa ngaye izingubo futi. Laba'bantu, imvamo yabo, bafundis'wa banezikole zokufundisa abantwana, banaba Bishop, nal al'risti, nao Archdeacon nabaDiakoni. Kepa banezinhlobo eziningi [illegible] ukuti kwa [illegible] eyabe ihambe [illegible] bantu [illegible] ukuti kwa [illegible] kwabo, pela, babengazidumeli nganandhla, babezibiza qede, bazipe ukudhlana okumnanjana, pe-ke ingane is'ikeyezwa uswiti lona nokeke ingabe isabuniyulwa ngubani kulowo'muntu oke wayinika loko! Ake nizizwe-ke lezo'nganekwane enizizwayo enanizizwa zixoxwa ebusuku yizalukazi zesilwane esikulu leso esi isiqugumadevu; aki'sona yini-ke leso? Kutiwa yabe iti ingane nonxa is'ikala imemeza iti, "Siqugumadevu, nginikele ingubo yami leyo," sipendule siti: "Woza uzozitatela." Nembala ingane ize igeine ngokuya, ngoba incengwa, is'ibona nezinye izingane esezihlezi pakati kwesiqugumadevu, zihleka, zenamile, zimungunya [illegible] Sweet kanye nama Cake lawa atambileyo. Nayo yanele ukutika lapo ipiwe kwona okumnanjana loko, ib'is'ikohlwa nguyise nonina.

Zabe zinjalo-ke lezi'zinduna esenizizwa songati kwabe kunge'ndaba za'luto inxa sezixoxwa. Baningi abantu bakiti abalahlekelwa ng'abantwana babo kuleyo'nkati. Yibo-ke laba esenibona sebeqamuka kwezinye izindawo—emazweni apesheya kwezilwandhle—ababetunjwe mdhla-loko! Qondani-ke le'ndaba engiyikuluma kini, ngiti: Sonke sehla kona le enyakato, seza lapa ngokusilileka, sihambe sihlala saka, sibuye sidhlulele pambili njalo, abanye basalela ngemuva; saza safika kuleli esikulo namuhla. Ngiti: Inxa sabe singekunye nalaba bas'eKongo petshe-kwe Zambezi, po, sizezi ngani lezi'zindaba ezizinge zixoxwa ngabadala kiti? Ngikuluma loku nje, ngiyazi ukuti bakona abangipikisayo bati: Inxa sikunye nabakwa Israel njalo, eshlakazeke nezuku kuqabuka igoda ku Beobom ka Solomon, yizipi po izindaba zakiti esasihamba nazo, ezaze zasiletu kuleli'zwe? Impendulo yami kulabo ngingati: Mina angisiye umuntu oweqcha ukusebenzisa ikanda, ubucopo bami abulahlupekele ubuvila ngangoba ngingaze ngenqene ukuzicabanga ukuti: "Sapumapi tina size sibe lapa njena?" Angikwenqeni mina loko ukuzibuza nokuzititinya lapa ngaveza ngakona.

Futi abanye bati: Inxa sing'abakwa Israel njalo, yini po ukuba sibe mnyama binge lo'ku amaIsrael namaJuda onke lelo mhlope na? Impendulo yami kulabo, ngiti: Batshelwa: gubani b'na ukuti amaIsrael ab'emhlope qwa na? Loku mina ngiti babe nsundu nje, abanye bempofu, abanye bemnyama na? Njengokuba namaGipite namaArab, imvamo yabo zizwe zazi bjalo na? Yebo, ngingepike kakulu kulowo owaziyo ukuti babemhlope-mfe abakwa Israel: ngoba pela, mina ngikuluma loku nje, angikulumeli emandhleni okufundiswa okukulu, ngikulumela emandhleni okufanisa nokulinganisa kuloko engikubonayo nengikuzwayo. Futi ukuba-mhlope-qwa nokuba-mnyama-bhuqe loku, zikona izinto okuzikombayo. Inxa umuntu omhlope-qwa, evama ukuhlala pandhle atshiswe lilanga, angapenduka ale nsundu angatsho ukuti qwa, angefane nohlezi endhlini engatshiswa lilanga. Kufana naye lona omnyama-bhuqe kepa evama ukuhlala endhlini engatshiswa lilanga, angakanya abe-mpofu, argabi mnyama-bhuqe njenga-lona ovama ukutshiswa lilanga. Ziningi izinto enginga-konaba ngazo, ngipendule kulo'mbuzo Njengoba niyalibona ilanga ukuhamba nokubela kwalo amabanga ehlobo nobusi ko, njengomkuba walo wokubala iziyanga nezikati, enibona ngako ukuti Elwase nokuti bungene ubusika; inxa selingalapa eningizimu, niyaqonda ukuti iAfrika lonke selishisa ngamandhla eziadaweni zonke; kodwa inxa selingalapa enyakato, niyaqonda ukuti kaloku liyatshisa eYurope, nokuti amakaza akulile eAfrika. Kepa uqqoqwane was'e Yurope aulingani nowas'e Afrika, unamandhla kakulu owas'e Yurope. Kepa bona abas'e Yurope babengebe mhlope ngani njengqqwa lakubo eliloku lakitika, nemizimba yabantu seyaze yajwayela iqwa ayabe isafana neyalaba asebajwayela ukutshisa? Kunjengomuntu was'e Yurope, angejwayela kakulu lapa eAfrika, angake ahkde iminyaka etile anduba ajwayele lokuhlala ezweni elitshisayo njengaleli lakiti. Ati-ke inxa es'ehlalahlalile, aqale ukupendula umbala emzimbeni, angabe esafana naloku wabe enjalo ukufika kwake epuma eYurope. Njengokuba kungaba njalo nakuye lona was'e Afrika, angahlalahlala qede eYurope, kuti emva kwesikati aqale ukupendula umbala emzimbeni, es'eqalile ukujwayela amakaza. Ngiti-ke: ukuba-mhlope-qwa nokuba mnyama-bhuqe loku akusiyo into efanele ukuba umuntu azihlupe ngayo, inxa etanda ukuqonda ngesimo sabantu njengaloku engikuxoxayo. Yebo, pela, zikona nezinye izito komhlope nomnyama ezingefani—ikala nezinwele okukomba ukwahlukana kwalabantu; ngitsho, nangodebe lomlomo futi. Loku-ke kukona ukwahlukana okunjalo kulaba'bantu—abamhlope nabamnyama—masiqelele kude, sizinge, silingise okwomuntu esinga iziyosi, ebeke isandhla ebusweni; maseze njalo ukuze sibone lapa iziyosi ingene kona,

Inxa umuntu ewazalwa ey'inkawu engaba nomhlanhla yokuganwa naye yiqombi ey'inkawu, batatane qede iacunyelwe yinzalo: bangazala izinkawu eziningi. Kepa futi inxa zingati kozinkawu zabo zesilisa nezesifazane, zizele zihlule nazo, inxa seziganwa ngezinye esezitatana nazo, kungaba yisizwe sezinkawu kuleso sifunda; ukugcina, izwe lonke libe elezinkawu inxa laba ebazizeleyo bengaseko; njengoba sonke siyatshona.

Niy[illegible] abadala, labe'bantu basahamba [illegible] ezitwane ezingazi luto; akuko luto oluamahloni kubo. Konje iyasolwa inyoka kutiwa yona, eyakohlisa uAdam noEva, yati mabadhle umuti ensimini yase Eden! Konje sonke singa sifana nalaba'bantu nje, sibe ngalako senza ubuhle obutandwa ngu Ba'a osidalileyo? Ngiyapika mina. Lakuku nenja nembuzi nenkomo nenyamazane, imbala, konke loku kuyamazi umDali na? Konje yibo labo-ke bas'emaNdebele ababongwayo, abenza okutandwa ngu Nkulunkulu na? Qabo! Mina ngiyapika.

UHLABA EMHLOLENI.

Ungade usiyekelele nezifo nje esiswini ukona umuti onamandhla iChamberlain's Colic, Cholera ne Diarrhoea Remedy umuti ohlaba emhloleni upilisa masinyane. Una wake wagulisswa ulohlobo lokufa ungepinde uwudele. Utengiswa yibo bonke.